BU African Studies Center LANGUAGE PROGRAM, 232 BAY STATE ROAD, BOSTON, MA 02215 africa@bu.edu
www.bu.edu/Africa/alp 617.353.3673

# Isaga 2: Ikhiwane Elihle Ligcwala Izibungu

## Characters

| | |
|---|---|
| UThisha 1 | Mdu Zondi |
| UThisha 2 | Mhlengi Zuma |
| UThisha 3 | Celani Zondi |
| Umfundi (uLindiwe) | Sinethemba Shezi |
| Umphathisikole | Nomfundo Cele |

## Transcript

*Part 1*

| | |
|---|---|
| UThisha 1: | Bafowethu niyaphila kodwa? |
| UThisha 2: | Siyaphila, Mashimane, ninjani nina? |
| UThisha 1: | Hhayi, siyaphila bafowethu, ukungalali nje, safa umsebenzi wesikole nje, ukumaka! Izolo ngimake kwaze kwashaya u-2 ekuseni, engathi ngikhathele. |
| UThisha 2: | Lokhu ubheke ngawo womabili nje? |
| UThisha 1: | Yebo, mfowethu,yebo mani, hhayi bo guys, ngisakhumbula, ikhona into ethanda ukungethusa. Le ngane yona ngiyazi inomsebenzi omuhle, umsebenzi wayo uyancomeka kodwa indlela ephumelele ngamalengiso ng… |
| Students1&2: | Sanibona. |
| OThisha : | Yebo, yebo sanibona. |
| UThisha 2: | Yebo bantabami. |
| Student 1: | Sicela ukwedlula. |
| UThisha 2: | Badlulise Mashimane, badlulise. |
| UThisha 2 | hho dlulani-ke bantakwethu, dlulani-ke bantakwethu,Hho, hhayi… niyaphila bangani? |
| Students: | Hhayi sisaphila baba. |
| UThisha 2: | hho good, siyabonga ehhe mfowethu, indlela le ngane ephumelele ngamalengiso ngayo, uyazi ee..ishaye impela ko-90 phesenti. |
| UThisha 1: | 90? |
| UThisha 2: | Yebo. |
| UThisha 3: | Ubani yona igama layo? |
| UThisha 1: | ULindiwe Zulu. |

| | |
|---|---|
| UThisha 2: | ULi..uLindiwe Zulu? |
| UThisha 1: | Yebo |
| UThisha 2: | Yena yedwa nje? |
| UThisha 1: | Yena yedwa. |
| UThisha 2: | Lo engimaziyo? |
| UThisha 1: | Okugrade 12, yebo. |
| UThisha 2: | Uyaphasa? |
| UThisha 1: | Uphumelela ngamalengiso. |
| Student 3: | Sanibona. |
| Teacher1: | Ya ndodakazi, ucela ukwedlula? Hho, uyaphila sisi? |
| Student 3: | Yebo. |
| Teacher: | Good, siyabonga. |
| Teacher: | Ehhe, unjani kuwena? |
| UThisha 2: | Hhayi akaphasi kahle. |
| UThisha 1: | Uyamchitha mfowethu? |
| UThisha 2: | Hayi, ngeke, uyangethusa uma o-90. |
| UThisha 1: | Impela. |
| UThisha 2: | Ngithuswa yilo 90. |
| UThisha 3: | Wenzenjani kanti kwesakho isifundo? |
| UThisha 2: | Akenzi kahle, uyangethusa uMashimane uma emcoma kangaka ngo-90! Hhayi… |
| Student 4: | Sanibona. |
| OThisha: | Yebo. |
| Student 4: | Ninjani? |
| OThisha: | Hhayi, siyaphila. |
| Student 4: | Bengicela ukubuza ukuthi ngingalibona nini iphepha? |
| UThisha 1: | Hhayi ungeza ulibone ngilandele, asihambe. |

*Part 2*

| | |
|---|---|
| Student: | Bengisaba thisha indlela ebelilukhuni ngayo leli phepha. |
| UThisha 1: | Kodwa mntanami wena ungesaba iphepha elilukhuni engani uphumelele ngamalengiso, |
| Student 4: | Hhawu ngeke…. |

UThisha 1: Phela udle umhlanganiso welikhulu lonke labafundi engibafundisayo, mana ngisakubhekela ntombazane yami iphepha lakho.

UThisha 3: Hhayi bo Lindiwe, yini le oyifihla la?

Student 4: Lutho thisha.

UThisha 3: Awuthi kengibone la.

Student 4: Yi…yibhuku lami leli…le.le….

UThisha 3: Manje ulifihlelani pho uma kuyibhuku lakho?

Student 4: ng..e..i..i…i..e….

UThisha 1: Hhayi bo kwezenjani? Engathi kunenkinga nje.

UThisha 3: Ngithi ngiyangena la.

UThisha 1: Njengoba ngibheke emuva ngifulathele, ngibheka iphepha lakhe umntwana.

UThisha 3: Yebo Mashimane, ngithi ngizothatha amaphepha ngiwabeke, ngibona uLindiwe kunento ayithathayo, ayifihla laphaya, uthi ibhuku lakhe, angazi, ake uveze Lindiwe sibone.

UThisha 1: Awuveze sibone.

UThisha 3: Hawu, hhayi bo! Akusilo iphepha leli abazolibhala leli lokuhlolwa!

UThisha 1: Hhayi bo!! Bazolibhala kusasa leli phepha!

Student 4: Bengilibuka nje thisha, belil…

UThisha 1: Usuyaba esikoleni ungena la endlini, kanti njengoba uphumelele ngamalengiso nje kunobugulugulu obenzayo?

Student 4: Chana…. aa……

UThisha 1: Hhayi mani, ayikho inkinga Mgazi, asiqonde ehhovisi.

UThisha 3: Hhayi ake sihambeni siye kuprinsipali.

UThisha 1: Hawu, ngaze ngaphoxeka, yeka ukuthemba umuntu, kungcono ukuthemba itshe!

*Part 3*

UThisha 1: Ngaze ngajabha kodwa, ungamethembi umuntu.

UThisha 2: Bakwethu.

UThisha 1: Nxamalala.

UThisha 3: MfokaNxamalala.

UThisha 2: Nxumalo, naqhamuka senilandelana, idliwe yini ingane?

UThisha 1: Hawu mfowethu, ungakaligwinya nje lokuthi ee…le ngane igangile, buka phela mina ngize ngadlinza mhlampe ukuthi wake wazama ukuzibika enganeni ngoba phela nibuye nibe ngabantu abangathembekile kodwa mfowethu sengibonile ukuthi ee..yile ngane ibanjwa...ibanjwa wuMgazi lapha yeba iphepha elizobhalw.. lokuhlolwa elizobhalwa kusasa.

UThisha 2: Iphepha?

UThisha 1: Yebo nanti.

UThisha 3: Yilo impela leli mfokaNxamalala.

Student: Bengilibuka nje...

UThisha 2: Ulokhu uthi iyaphasa nje kanti iyantshontsha.

UThisha 1: Ngimangele nami, sesimusa ehhovisi likaMphathi, siphelezele mfowethu sishone khona.

UThisha 2: Hhawu wamphoxa uMaphumulo kade ekuthemba kangaka.

Student: Bengilibuka njena baba…

UThisha 2: Hhayi Maphumulo, ikhiwane elihle ligcwala izibungu.

UThisha 1: Ligcwala izibungu mfowethu, asishoneni khona.

UThisha 3: Asihambeni siye ehhovisi.

*Part 4*

Umphathisikole: Nangihlasela bo thisha kwenzenjani?

UThisha 1: Eyi…mphathi siza lapha ngodaba olubucayi kodwa ubaba uNtshangase angakulandisa.

Umphathisikole: Yebo.

UThisha 3: Yebo. Bengithi ngiya laphaya eStaf rumi, thishomkhulu, ngiyothatha amaphepha ezingane ngoba phela kwazise bezibhala amathesti kulama viki lawa adlule. Uma ngithi ngiyafika khona, hhawu, ngithola uLindiwe umile ngapha, kukhona into ayithathayo ayifaka la phakathi kule ncwadi ayiphethe.

Student: Bengilibuka nje...

Umphathisikole: Awuthule ke sisi silalele uthisha.

UThisha 3: Yebo, uma ngabe ngimbuza ukuthi hhawu yini lena oyifaka encwadini, awuthi ngibone, bese eyafihla.

Umphathisikole: Awuthi ngibone thisha, yini yona le? Hhayi bo! Ngoba yiphepha lokuhlolwa nje leli, Lindiwe, ulihlolani?

Student: Bengilibuka nje.

Umphathisikole: Ubulibuka ukuthini? Ufunani ezintweni zothisha?

UThisha 2: Uyabona mphathi...

| | |
|---|---|
| Umphathisikole: | Yebo thisha. |
| UThisha 2: | Yisigebengu lesi. |
| Umphathisikole: | Hhayi bo! |
| UThisha 2: | Yisigebeng…uMaphumulo kade eyincoma manje nje le ngane. |
| Umphathisikole: | Hhayi bo Malindi, sikuthembe kanje! |
| UThisha 1: | Engakaligwinyi igama thishomkhulu lokuthi lo mntwana uyahlupha. |
| Umphathisikole: | Yebo. |
| UThisha 1: | Nangoke useya .…umahlokozo usevelile. |
| Umphathisikole: | Mmm. |
| UThisha 2: | Baqinisile mama uma bethi ikhiwane elihle ligcwala izibungu, uyambona ukuthi muhle kanjani ngaphandle? |
| UThisha 1: | Kunjalo impela. |
| UThisha 2: | Kodwa imisebenzi yakhe ingcolile. |
| UThisha 1: | Ingcolile, ikhohlakele. |
| UThisha 3: | Igcolile impela. |
| Umphathisikole: | Ewu… lolu daba lusazofakelwa izibuko impela, cha aluluncane lona he-e. |